## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

   **QAPHELA**: Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo ngaphambi kokuphendula umbuzo owukhethile. Amalungiselelo awabe sekhasini lawo wodwa, angahlangani nombhalo. Yonke imibhalo oyikhethile ayibe namalungiselelo.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-70 (2 x 35)

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.

10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

1.1 Okwangehlela ngiyokuzekela amagwababa echobana. **[50]**

1.2 Umonakalo odalwe yisomiso ezifundazweni ezahlukahlukene zakuleli. **[50]**

1.3 Ukungakhokhwa kwemali yokufunda kwezinye zezikole zakuleli kunemiphumela emihle nemibi. **[50]**

1.4 Izinkundla zokuxhumana kanye nemithombo yabezindaba ibacekela phansi osaziwayo bakuleli.

Luthini uvo lwakho ngalesi sihloko? **[50]**

1.5 Kunzima ukwelapha izifo kunokuzivikela. **[50]**

1.6 Izithombe ezilandelayo ezisekhasini lesi-3 nelesi-4 zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo 1.6.1 noma 1.6.2 noma 1.6.3 bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6.1



[Sithathwe ku-www.google/streetkids.co.za] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.

### 2.1 INCWADI EHAMBISANA NEKHARIKHULAMU VITHAYE

Ubone isikhangiso somsebenzi wokufunda izindaba kweminye yemisakazo edumile yakuleli. Sebenzisa le kharikhulamu vithaye (incwadi yokuzichaza) engezansi ukubhala incwadi ehambisana nayo ukuze uzidayise kubaphathi balo msakazo.

Bhala incwadi ehambisana nekharikhulamu vithaye.

**INCWADI YOKUZICHAZA KATHOLUMUSA THOKOZANI ZONDI**

**1.1 IMININGWANE EPHATHELENE NAMI**

- Isibongo: Zondi
- Igama: Tholumusa Thokozani
- Usuku lokuzalwa: 19 kuMfumfu 1990
- Inombolo kamazisi: 901019 035 088
- Ikheli lasekhaya: 23 Khiphinkunzi Road<br>KwaMashu<br>4360
- Inombolo yocingo: 087 351 4422

**1.2 IMININGWANE EPHATHELENE NOKUFUNDA**

- Iziqu zemfundo: Diploma in Journalism
- Isikhungo semfundo: Tshwane University of Technology
- Izifundo:
  - Journalism, Ethics and the Industry = 84
  - Practical Journalism 3 = 80
  - Special Study: Literary Journalism and War = 94
  - Arts and Entertainment = 79
  - Special Journalism: Sports = 90
  - Digital Journalism Project = 86
  - Journalism in History and Literature = 75

1.3 **UMSEBENZI**

- Igama lenkampani: Igugu Community Radio Station
- Indawo: uMgungundlovu
- Umsebenzi engiwenzayo: Ukusakaza ezemidlalo
- Isikhathi ngenza lo msebenzi: Kusuka ngowezi-2014 kuze kube manje.

1.4 **IMININININGWANE EPHATHELENE NOKOKUZIJABULISA**

- Imidlalo engiyikhonzile: Ikhilikithi nokugijima
- Okunye engikwenzayo: Ukufunda nokubhala izinkondlo

1.5 **ABANTU OKUNGAXHUNYANWA NABO**

1. Dkt. TV Dlamini (UMphathi Sikhungo wase-TUT)
   Inombolo yocingo: 078 3517 755

2. Nkk. SV Mthimkhulu (Umfundisikazi webandla)
   Inombolo yocingo: 083 457 1122 **[25]**

2.2 **I-INTHAVYU EBHALWAYO**

Usomabhizinisi ovelele endaweni yakini ubevakashele isikole esihlala sidla umhlanganiso kwezomculo wamakhwaya ngenhloso yokusixhasa njengoba sizobe siyoqhudelana nezinye phesheya kwezilwandle.

Bhala i-inthavyu ebiphakathi kukalo somabhizinisi kanye nombhidisi wekhwaya. **[25]**

2.3 **I-ATHIKHILI YEPHEPHABHUKU**

Kudlange ubugebengu enxanxatheleni yezitolo zangakini.

Bhala i-athikhili yephephabhuku lendawo uxwayise izakhamuzi, uphinde uzeluleke ngezindlela ezingalwisana ngazo nalobu bugebengu. **[25]**

2.4 **INKULUMO ELUNGISELELWE**

Endaweni yangakini bekuneziteleka ngenxa yokugqoza kwentuthuko. Izakhamuzi zendawo zingqongqise izingqalasizinda okubalwa kuzo izikole, imitholampilo kanye nemitapo yolwazi. Ikhansela libize ukhukhulelangoqo womhlangano wezakhumuzi ukuze kudingidwe umhlahlandlela wokusombulula lesi simo. Ikhansela libe selikucela ukuba wethule inkulumo kulo mhlangano.

Bhala inkulumo elungiselelwe ozoyethula kulo mhlangano. **[25]**

2.5 **I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**


UnguNobhala wekomidi lesikhashana eliqokwe yiKhansela. Beninomhlangano naleli Khansela lapho benidingida khona umkhankaso wokuthungatha intsha enamakhono ahlukahlukene.

Bhala i-ajenda kanye namaminithi alowo mhlangano. **[25]**

2.6 **INCWADI YOBUNGANI**

Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese ubhalela umalume wakho incwadi umbonge ngeqhaza alibambile elenze wena waze wafinyelela kuleli zinga.

Bhala incwadi yokubonga umalume wakho.



[Sithathwe ku-*Isolezwe*, 12 Febhruwari, 2016] **[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha